

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

03/2014 Intshumayelo ngesonto 03 esikhathini seAdvente, ngomhla ka 14. 12. 2014

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki elitshiwe ku-Isaya 40:3.10, lithi: **"Lungisani ehlane indlela kaJehova ... iNkosi iyeza ngamandla."**

1. Iculo 36/39

2. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu, silindele wena. Sibonga imvuselelo yeZwi lakho esiqondisa ngokuza kwakho. Siyacela sithi: Qinisa ukukholwa nokuhamba kwethu ngokuza kwakho. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lolotshiwe ku-Isaya 40:1-11;

Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 kwabaseKorinte 4:1-5;

Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe ku-Luka 3:1-14.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 32/35

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 11:2-10, lithi: "Kwathi-ke uJohane esetlongweni, ezwile ngemisebenzi kaKristu, wathumela ngabafundi bakhe, wathi kuye: Wena unguye ozayo, noma sobheka omunye na? UJesu waphendula, wathi kubo: Hambani nimlandise uJohane lokhu enikuzwayo nenikubonayo ukuthi: Izimpumputhe ziyabona, izinyonga ziyahamba, abanochoko bayahlanjululwa, izithulu ziyezwa, abafuleyo bayavuswa, abampofu bayashunyayezwa ivangeli; ubusisiwe ongayikukhubeka ngami. Kepha sebemuka laba, uJesu waqala ukukhuluma ezixukwini ngoJohane, wathi: Naphuma naya ehlane ukuyobonani na? Umhlanga ontengantengiswa ngumoya na? Kanti naphuma ukuyobonani na? Umuntu owembethe ezinothonotho na? Bhekani, abembethe ezinothonotho basezindlini zamakhosi. Kodwa naphumelani na? Ukubona umprofethi na? Yebo, ngithi kini: Odlula umprofethi. Nguye okulotshwé ngaye ukuthi: Bheka, ngiyathuma isithunywa sami phambi kobuso bakho esiyakulungisa indlela yakho phambi kwakho." Amen.

8. Intshumayelo: Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu! Lombuzo kaJohane angingabazi ukuthi uyasifikela nathi ngabanye. Sonke sinazo izinkinga lezi uJesu angakasikhululi kuzona, angakazixazululi. Sithi uma sizwa ukuthi unguMsindisi sibe nokukhulu ukufisa ukuthi nangempela asisindise ebunzimeni, ingani phela unguMsindisi! Inkinga ayenayo uJohane wukuba sebumnyameni etilongweni, ukufa kumsongela. Sinazo ezethu nathi izinkinga ezithe ukwehluka kule, kodwa nazo zinzima impela kithina. Nathi sihleli ebumnyameni bokufa: okwethu noma okwabanye abahlobo bethu.

Izinhlungu nokwesaba zihlala ziamba nathi. Siphathwa ngumzwangedwa. Siyaxakeka nangakwezezimali, nangakwezomndeni. Kuhlala kukhona njalo izono nehlazo. Ukuphelelwa yisithunzi kuvamile, kanye nokuqanjelwa amanga. Ubuthakathaka ekuziphatheni siyakwazi; silwa njalo nokungena emaphutheni. Lezizinkinga sethenjisiwe nguJesu ukuthi uyakusikhulula nakuzo.

Nathi singaya kuye nalezizinkinga nokuxineka njengaye uJohane. Nathi ungowethu uJesu, ngokufanayo nakuJohane. UJohane wayazi kakhulu ngabaPhrofethi namaHubo, lapho kulotshiwe ngozayo uMkhululi uJesu owelapha izishosha nezithulu avuse nabafileyo. UJohane wasizwa yiNkosi ukuba alindele uKristu oza ukuzofeza yonke into elotshiwe ngaye ngabaPhrofethi namaHubo. UJesu owalindelwa nguJohane akuyena oza ezozidumisa nje ngemilingo engabikezelwanga ngaphambili.

Nathi silindela iNkosi ezofeza lokho okubikezelwe ngayo. INkosi eduduzisa abadabukileyo, ebopha yelaphe amanxeba alabo abalinyaziwe yizono nangamacala; eyokwembathisa ivikele labo abangaphansi kwesiqalekiso sesono – nguJesu. Nguye osinakekelayo obeka phezu kwethu mihla yonke isibusiso nokuhle okuningi. Simlindele ukuba asikhulule eketangweni lesono noSathane, ukuba akhanyise ubuso bakhe phezu kwethu.

Kuyinto enhle ukuba sikulangazelele lokhu, njengoba noJohane kwakukuhle ukuba akulangazelele. Ngokwenze njalo silindela iNkosi yethu ukuba isenzele konke okuhle kwayo nesibusiso sayo, ukuba ivuselele amandla ethu iqinise amadolo ethu axegayo. Siyilindela ukuba ibuphindisele emuva ububi bukaSathane, isikhanyisele; ishabalalise isono necala lethu, ukwesaba, nawo wonke amashwa. UJohane wangena kokunzima nakuba wayeyilindele iNkosi le enethemba kuyo. Waba yisisulu senkemba, iNkosi yangamophula kulokhu njengalokho wayefisa. Yini-ndaba? Yingoba naye uJesu wenza intando kaYise emsebenzini wakhe, hhayi eyakhe yedwa. Iyini lentando na? Wukusindisa izoni nokususa isono. Wukubuthela abantu bakhe bezizwe zonke beze ensindisweni ngegama lakhe. Lapho isikhathi sesilungile, uyakwenza lokhu uJesu, uyeza ngokwentando kaYise ashumayeze abantu iVangeli, afeze inhloso yalo ngokubafela ebethelwa esiphambanweni. Lapho isikhathi sesifikile uyakusithatha sonke kanye nabo asingenise ngentokozo enkulu embusweni kaYise waphakade ongapheliyo. Malibongwe igama likaJesu, uMsindisi wethu!

Nokho okwamanje siyahlupheka, njengaye uJohane esetilongweni. Ekuhluphekeni kwethu lokhu uJesu uhlupheka nathi. Abaningi badidekile ngaleliphuzu: ukuthi uJesu uhlupheka kanye nathi. UJesu unguMsindisi ngendlela kaNkulunkulu, hhayi ngeyabantu. Eyabantu ithi: “Wasindisa abanye, makazisindise naye!” Abasemhlabeni bafuna umsindisi oluthana nabo, ovumelana nezindaba zabo, othi kubo: “nibahle nina, anonakele kangako; imisebenzi yenu, intando, nesifiso senu kuhle kuphelele.” Izoni zikhetha umsindisi onjalo ngokwazo ukukhetha:

ozitusayo athi zingcono kunabanye abantu. Ngokwemvelo ka-Adamu sinjalo nathi sifuna ukuba njengoNkulunkulu; sifuna ukutiswa sidunyiswe, hhayi ukugezwa nokulungiswa.

Yikho nje sizithola seyisana, sicwasana, sibona amaphutha omunye komunye. Sizifunela udumo lwethu. Sikwesaba njengenyoka ukudelelwa okufana nokukaJohane, owalala etilongweni. Sigijimela ngalapho ukudunyiswa kwethu kungakhona; umyalo kaJesu siyaweqa owathi: uma umuntu ekumukula kulesisihlathi mnike nalesi esinye. Qha, thina sithi: "Luphi udumo kulokho!" Sishiya phansi.

UJesu, nokho, uthi kuJohane nakithina: "Ubusiwe ongayikukhubeka ngami." Ubusiwe ongayikukhubeka ekhutshwa yindlela iNkosi eyenza ngayo izinto. INdodana ayizenzeli okwayo, yenza konke ngokomyalo kaYise. Ifuna udumo lube ngolukaYise, lolu oluyakubonwa ngosuku lokugcina (abantu bengena ezulwini, nezedeleli zelekwa yilangabi lesihogo).

Manje-ke, "naphuma ukuyobonani na?" Yini efika emqondweni wethu uma sicabanga ngokubona iNkosi na? Isikhwama semali yebandla esigcwele? Indlu yesonto ephuphuma abazalwane? Abazalwane abahle abavunule ezimathonsi? Impilo engenazo izinkinga? Injabula yamalanga onke? Ukungabi setilongweni? Masiqapheleni! Singalangazeleli ukwaneliseka nje okungokwasemhlabeni; masifune okwaphezulu – okukaNkulunkulu, hhayi okwabantu!

Nakhu esifika sikubone ngoJesu: ukuza emhlabeni kombuso wasezulwini, izoni zibuyelana noNkulunkulu. Sibona uJesu onqobe ukufa ebonakalisa izindlela zikaBaba wethu ngesinkwa newayini. Siyaqiniswa embusweni lo ngamandla asezulwini lapho sidle siphuze umzimba negazi likaJesu. Kukhanya ilanga elihle lapho uJesu ekhipha izoni ebubini, ezonweni nasekufeni.

Masingakhubeki ngenxa yezindlela asebenza ngazo uNkulunkulu, masimlindele. UJesu uyeza kithina ukuzobuyisela uxolo phakathi kwethu neNkosi yethu uNkulunkulu.

Egameni likaBaba, neNdodana noMoya oNgcwele. Amen.

9. **Umkhuleko:** Qhawe likaDavide, Nkosi Jesu Kristu. Sizwile siyalibonga iZwi lakho. Lungisa izinhliziyi zethu ukuba zililondoloze. Hamba nathi ekuphileni kwethu konke, singesabi kodwa sethembe wena. Wena obusa phakade noBaba wethu noMoya oNgcwele. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 39/42

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyi zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2014 ngu-M. N. Mntambo.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.